

# iSapref nemifundaze yezamakhono

## INTATHELI YESOLEZWE

**B**ANGU 175 abantu abasha baKwaZulu-Natal abanikwe imufundaze yinkampani ehlaza uwoyela, iSapref, abazoqe qeshwa khona.

Esitatimendeni sakwa Sapref, baveze ukuthi bathole izicelo zokuqe qeshwa ezingu-21 000.

Phakathi koxhaso olukhishwe yiSapref kubalwa imifundaze engu-11 yabafundi baka-Grade 11, imifundaze engu-14 yabazoqala enyuvesi benze izifundo zobunjiniyela, imifundaze engu-70 yokuqe qeshwa ngaphakathi eSapref kanjalo namathuba okuqe qeshelwa umsebenzi.

Omunye wabathole umfundaze nguMnuz Qiniso Vumisa owayehlanza amahhovisi akwa Sapref kodwa othole ithuba lokuqe qeshelwa izifundo zeMechanical Engineering.

Uveze ukuthi uyajabula ngokuthola umfundaze futhi uzokwazi ukuqedela izifundo zakhe.

Wafaka isicelo emuva kokubona isikhango emahhovisi akwa Sapref ngesikhathi enza umsebenzi wakhe.

Ugqugquzele intsha ukuthi ithande imfundo, isebe nza kanzima esikoleni ukuze iphumelele.

Uthe ngesikhathi isalinde amathuba angcono akufanele ihlale ekhaya kodwa ayizame amatoho ngoba yena ithuba lokufundela umsebenzi awuthandayo limfice esetohweni lokuhlanza amahhovisi.

Ngaphandle kokukhipha imifundaze minyaka yonke, iSapref ixhasa abafundi ezikoleni eziseningizimu yeTheku ngokuba qeqesha ngamakhono adingwa yile nkampani.

Baveze ukuthi banesikhwama



**UMNUZ Qiniso Vumisa ogale kwaSapref ehlanza amahhovisi kodwa manje osefundela ubunjiniyela** Isithombe: SITHUNYELWE

esibizwa nge Durban South Training Trust esise Siphingo. Kulo nyaka samukele abafundi abangu-72 abazokwenza izifundo ze Boiler Making, Fitting ne Welding.

Abafundi abangu-55 abakhqizwe yilesi sikole bazothweswa iminyezane nonyaka.

Isikhulu esiphezulu sakwa Sapref, uMnuz Ton Wielers, sithe bathatha abafundi ngoba befuna ukuba nabasebenzi abanamakhono adingwa wumkhakha wokuhluzwa kukawoyela.

“Kulo nyaka sivulele kakhulu abafundi besifazane amathuba njengoba u-70% wabafundi bethu kungabesifazane.”